## ISIQEPHU A

**1. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

INCWADI YOBUNGANE

1.1 Ngamaholide kaJuni ubuvakashele umalume wakho. Ube nesikhathi esimnandi unaye. Bhalela umalume wakho incwadi ubonge ngakho konke akwenzele kona ngalesi sikhathi ninaye. [30]

INCWADI YOBUNGANE

1.2 Njalo ngamaholide kaDisemba niyaye nivakashele ugogo emakhaya kodwa kulawa maholide ngeke uphumelele ukuchitha isikhathi naye. Bhalela ugogo wakho umchazele ukuthi kungani ungeke uphumelele ukuhlala naye kulawa maholide kaDisemba. [30]

INGXOXO

1.3 Abazali bakho bakuthengele umakhalekhukhwini omusha sha ngoba uphase kahle. Kuthe ngesikhathi sekhefu uthi ufuna ukubheka isikhathi wangawuthola. Kunomngane wakho omsolayo ukuthi uwuphethe. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nalo mngani ucele akubuyisele. [30]

INGXOXO

1.4 Esikoleni benikade nithatha izithombe zemidlalo nezamasiko. Manje ubusukhohliwe ukuthi kumele uzikhokhele lezi zithombe. Bhala ingxoxo ephakathi kwakho nomzali umcela le mali. [30]

ISAMBA SESIQEPHU: 30

## ISIQEPHU B

**2. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 angama-80.**

IPHOSOKHADI

2.1 Wena nomndeni wakho nivakashele eLesotho ngamaholide kaJuni nashiya ugogo nomkhulu ekhaya begadile. Bhalela umkhulu/ugogo umazise ukuthi nihambe kanjani. (20)

IPHOSIKHADI

2.2 Umngane wakho wakwamakhelwane uthuthe nomndeni wakhe baya eSwazini. Ubekubhalele incwadi ebuza ukuthi izinto zihamba kanjani eNingizimu Afrika. Bhala iphosikhadi umazise ukuthi uqhuba kanjani esikoleni sakho esisha. (20)

ISIKHANGISO

2.3 Njengoba uyilunga le-RCL ucelwe umphathi wenu ukuba ubhale isikhangiso ukhangise umcimbi wamasiko (Cultural evening) ozoba khona esikoleni. Bhala isikhangiso. (20)

**ISIQEPHU C**

3. Khetha abalingiswa ABABILI ubhale uxoxe ngabo uchaze ukuthi bangabantu abanjani ngokwencwadi.
Bhala amaphuzu AMAHLANU ngomlingiswa emunye umchaza.

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | UDoli | (5) |
| 3.2 | UThwathwa | (5) |
| 3.3 | ULingo | (5) |
| 3.4 | UBhalakaxana | (5) |
| | | [10] |

4. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho EPHELELE.

> (*Kukusihlwa. UDoli uyedwa endlini yokuphumula, uhleli kusofa uyathunga.*)
>
> **Doli** : (*Ekhuluma yedwa.*) Kazi uLingo uyobuya nini namuhla ? Hhayi, naleli bhola labo sengathi kangizukulithanda-ke manje uma selizomlibazisa kangaka. Isigcino ngeke abuye nakuba ekhaya ngelinye ilanga. Kunini nje ngimlindele? (*Elule isandla abuke iwashi.*) Sekuyihora lesishiyagalolunye. (*Kube khona ongqongqozayo.*) Ngubani lowo? (*Kuthuleke.*) Hleze sengizwa nezindlebe zami zizidumela nje. (*Kungqongqozwe futhi.*) Ukhona ongqongqozayo?
>
> **Izwi**: (*Liyangingiza.*) Yi... yimina ma..ma.
>
> **Doli**: Uwena nje ungubani?
>
> **Izwi**: ULingo mama. (*Usho ngokunensa sengathi ngumuntu okhathele.*)
>
> **Doli**: (Esukuma eyovula emnyango.) Ngena. (*Angene uLingo. Uhamba uyayenda. Ngokushesha athi vosho kusofa.* ) Yehheni bantu! (ashaye izandla abambelele edanda.) Kwangathi udakiwe nje Lingo?
>
> **Lingo**: (Eshaywa intwabi.) Kangidakiwe mina

4.1 Ukuphi nendawo uDoli njengoba elinde uLingo? (1)
4.2 Owakwabani isibongo lapho ezalwa khonalo Doli okhuluma yedwa lapha? (1)

4.3 UULingo ubehambe eya kuphi njengoba engasabuyi nje? (1)

4.4 Wayeyithathephi imali yokuya la evela khona uLingo (1)

4.5 ULingo ngesikhathi ecela imali kubazali bakhe wathi ngeyokwenzani? Chaza ngamaphuzu AMABILI (2)

4.6 Yini eyadala ukuba uDoli alinde uLingo eyedwa ngalolu suku? Chaza ngamaphuzu AMABILI (2)

4.7 Bhala lesi simo senkulumo ukuthi sichaza ukuthini.

4.7.1 Uhamba uyayenda. (2)

4.8 Ngokucabanga kwakho yini le eyadala ukuba uLingo ephuze ukuzisho ukuthi ungubani? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.9 ULingo wathi kwenzeka kanjani ukuthi agcine esephuze utshwala kule phathi ayeyihambele. (2)

4.10 Kungani uDoli engamtshelanga uGiza ngokubuya kukaLingo ephuzile? (2)

[16]

5. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho EPHELELE.

**Thwathwa**: Ngingenwe yini kodwa namuhla? Zikhona izinto zokukhulunywa, zikhona futhi nezinto zokungakhulunywa. Izinto zokuphikwa kuze kube phakade. Bekungafanele ngimazise ukuthi bengimkhohlisa. Bekufanele ahlale azi ukuthi ngingudokotela. (*Wethukile manje uThwathwa. Useze uyaqhaqhazela)* Kangizame futhi ngamanzi, hleze amvuse. Ingani amvusile nasekuqaleni. Namanje akamvuse. (*Kuthi pheshe isithunzana emnyango wekamelo. UThwathwa angakuboni lokhu, umatasatasa uzama ukuvusa uDoli. Kuthi ngemuva kwesikhashana kungene uLingo. Uphethe imbazo.)*

**Lingo**: (*Ephakamisa imbazo sakugadla.*) Wenzani ekamelweni lami mfokazi?

**Thwathwa**: (Ajeqeze ngalapho izwi livela ngakhona ethukile.) Hhe? (*ehleka into angayazi naye.*) Oh, kanti nguwe.

**Lingo**: Kanti yimi? Uqonde ukuthini uma uthi kanti yimi? Ushaya sengathi siyazana singazani? Ucabanga ukuthi uhlakaniphile? Wabukeka wethukile nje yini ngawe?

**Thwathwa**: Kangethukile ndodana.

| | |
|---|---|
| **Lingo**: | Khuluma usheshise-ke. Ungubani mfokazi? |
| **Thwathwa**: | Ndodana, noma nje kusandida kodwa khona kuyiqiniso... |
| **Lingo**: | Umbuzo wami muntu ndini uthi ungubani wena na. |
| **Thwathwa**: | E... (*Abindeke.*) |
| **Lingo**: | Ungudokotela noma uyinyanga? Nakhu ngibona umama elele sakuba ngogulayo. |
| **Thwathwa**: | Kangiyena udokotela, kangiyona inyanga ndodana. |
| **Lingo**: | Pho umenzani umama uma ungelaphi? |
| **Thwathwa**: | Ngicela ukukuchazela ndodana. |

5.1 Bakuphi nendawo laba abaxoxa kulesi siqephu? (1)

5.2 Izindaba ezithini lezi ezenza uDoli aquleke okwesibili? (1)

5.3 Uhlobene kanjani uLingo nalo Thwathwa akhuluma naye lapha? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.4 UThwathwa wathi ufunde iminyaka emingaki phesheya kwezilwandle? (1)

5.5 Yini le athi uThwathwa iyasinda kodwa iliqiniso? (1)

5.6 Ngalesi sikhathi uDoli egula lapha wayeye kuphi umyeni wakhe uGiza? (2)

5.7 Kwagcina kwenzekeni phakathi kukaThwathwa noLingo? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.8 Ukuliphi ilokishi umuzi kaDoli lapho egulela khona. (1)

5.9 ULingo kwakufanele emamukele uThwathwa njengobaba wakhe omusha. Vuma noma uphikise lo mbono uweseke ngamaphuzu AMABILI. (3)

[14]

6 Phendula le mibuzo ngokuqondanisa lokhu okusohleni A nokusohleni B. Bhala uphawu KUPHELA.

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 6.1ULingo | a) Uweta wasehhotela. |
| 6.2UMpandeziyakhuluma | b) uthisha wakwa standadi 4 kaLingo. |
| 6.3ULindiwe | c) Umzala kaGiza. |
| 6.4UBhalakaxana | d) Inyanga edumileyo yangakwaGiza |
| 6.5UVuvatha | e) Umngani kaGiza othanda i-chess. |
| | f) Intombi kaThwathwa |

[5]

7. Phendula le mibizo ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA

7.1 Abazali bakaDoli uDlamlenze noMaMdletshe. (1)

7.2 USindisiwe wayemazela eSobantu uThwathwa. (1)

7.3 UDoli wenzela uGiza isiphuzo esiyisipesheli iGauva juice. (1)

7.4 uBhalakaxana wayefuna izinkulungwane ezimbili ukuze asuse uThwathwa. (1)

7.5 Isibongo sikaVuvatha uZikalala. (1)

[5]

ISAMBA SESIQEPHU: 50

ISAMBA SESISONKE: 100